**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULWA KWESOYI LOMIGWAQO U-P296 NOKUNIKEZELWA KWAMABHAYISIKILI EZIKOLENI EDANHAUSER MHLAKA 16 MAY 2011.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaKwaGule;
Amakhosi wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Imboni yezokuthutha umphakathi;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Siyabonga ukuthi namhlanje sithole leli thuba lokuzokuhlangana nomphakathi waseMilford neDanhauser yonkana sizokuthi halala ngentuthuko abantu balapha abangasayizwa ngendaba kodwa asebeyibona ngamehlo. Lo mcimbi wanamhlanje ungomunye wemicimbi ethe chithi saka nesifundazwe eyenziwa nguHulumeni enawukhethayo ngenhloso yokuba kwenziwe ngcono izimpilo zenu.

Ngakolunye uhlangothi futhi sithanda ukubonga nina mphakathi walapha ngokuthi nibambisane noHulumeni wenu nivume ukuthi izinhlelo zentuthuko ziqhubeke ngaphandle kokuphazamiseka endaweni yenu. Phela ukubambisana kwethu nani yikona okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona.

Namhlanje singuMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize sithe masizobuyisa ithemba kubantu baseDanhauser, sizibophezele ukuthi le ngxenye yesifundazwe sethu ngeke siyikhohlwe futhi sizazi kahle izinselelo ezibhekene nomphakathi wakhona kwezentuthuko.

Siyazi phela ukuthi njengoHulumeni kusafanele sivale igebe elavuleka ngezikhathi zobandlululo lapho izindawo ezisetshenziswa ngabantu abamnyama kakhulu zazinganakiwe futhi zithathwa njengezingayifanele intuthuko yemigwaqo. Cabanga nje ngoba ubuthola umgwaqo osetshenziswa ngabantu abaningi abamnyama ube ubhuqu kodwa osetshenziswa kakhulu abelungu abambalwa ube netiyela. Lo Hulumeni uphume umkhankaso wokuyiqeda nya manje leyonto.

Kungangabi ngesikhathi esisodwa kodwa ngokulokhu sithola leli thuba enisinika lona ngevoti lenu, noma kanjani sizogcina siphumelele. Nakuba siyisifundazwe esikhulu futhi esinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda sizozama ukuphuthumisa izidingo njengoba futhi siphinde sadonswa ngendlebe nanguMongameli wezwe uMsholozi ukuthi siqinise kakhulu ekuyeni kubantu basemakhaya akade balangazelela intuthuko.

Namhlanje uMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal uzozibophezela ukuthi kule minyaka emihlanu ezayo uzofaka itiyela elingu-6 km ngonyaka kulo mgwaqo u-P296 kuze kuhlangane u-30 km.  Kukhona nebhriji ebesisabheka ukuthi lingakheka yini kanye nalo mgwaqo. Ilinganiselwa ku-R98,9 million imali ezothathwa yilo mgwaqo, kanti uma sekuhlangene nebhriji ingafinyelela ku-R156,8 million.

Abalelwa ku-500 amathuba emisebenzi okulindeleke ukuba adaleke ngale project kubantu bendawo. Sihlale sinxusa njalo-ke uma silethe le misebenzi ukuthi abaphethe uhlelo lokuqasha abantu bangalinge bafake indaba yobuqembu bepolitiki lapha. Uma uHulumeni eletha amathuba usuke ewalethela abantu bendawo abawadingayo, hhayi amalungu eqembu elithile.

Isikhathi sobandlululo sadlula kudala ngakho-ke akekho umuntu okumele acindezele omunye ngoba engakholelwa kulokho omunye akholelwa kukona. Esikufunayo ngukubona izindawo zasemakhaya zithuthuka ngesivinini manje.

Olunye udaba esize ngalo lapha yilolu lwamabhayisikili ezingane zesikole.  Lapha ngithanda ukuqala ngokucacisa ukuthi ukuze uHulumeni ahlangabezane nezidingo zabantu ezahlukene futhi ezihlale ziguquka, kumele njalo kwenziwe ucwaningo oluzositshela ukuthi yimaphi amaqhinga adinga ukusetshenziswa ezimweni ezithile.

Nakulolu hlelo lwamabhayisekili lukhona ucwaningo olwenziwe oluveze ukuthi ukuthi abafundi abangaphezulu kuka-80% bahamba ngezinyawo uma beya esikoleni. Ibe isiqhamuka lapho-ke indaba yokuthi make kulekelelwe ngamabhayisekili ukwenza ngcono ukuhamba ezindaweni zasemakhaya.

NgoNovember wonyaka odlule sasilaphaya eNdaka ngaphansi kwesiFunda sasoThukela lapho sasethula lolu hlelo lokusabalalisa amabhayisekili angu-3950 esifundazweni. Yilapho-ke esacacisa khona ukuthi sizohambela zonke izifunda njengoba namhlanje sizoshiya amabhayisekili angu-400 ezikoleni ezingu-20 kule ndawo yaseDanhauser esifundeni Amajuba.

Lokhu kusho ukuthi lezi zikole ezilandelayo zizothola amabhayisekili angu-20 isikole ngasinye:

| | |
|---|---|
| Daveslagte Primary School | Annandale Primary School |
| DNC Combined School | Greenock Primary School |
| Gardens Combined School | Cooper Primary School |
| Nhlanhleni Primary School | Nyanyadu Primary School |
| Gijimani Primary School | Hlokomani Primary School |
| Haig Combined School | Malambule Secondary School |
| Kalabasi Primary School | Moy Primary School |
| Mossdale Primary School | Okhalweni Primary School |
| Sebastopol Primary School | Isiphiwosemvelo Secondary |
| Southfields Primary School | Ingabade Secondary School |

Amabhayisekili ayingxenye yokuzivocavoca komuntu ophilayo ukuze ahlale ephilile futhi ezizwa. Okuhlukile ngawo wukuthi ahambisana masisha usheshe ufike lapho uya khona kunomuntu ohamba ngezinyawo. Yingakho-ke izinjongo zethu ezinkulu ngalolu hlelo kuyilezi:

- Ukweseka uhlelo lokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya;
- Ukufaka igalelo ekwenziweni ngcono kohlelo lwezemfundo;
- Ukwehlisa izinga lokulova nokufika ngemuva kwesikhathi, ukudlwengulwa, ukubulawa nobunye ubugebengu izingane eziba yizisulu zabo uma zihamba ngezinyawo amabanga amade;
- Kanye nokukhuthaza ukuphila ngendlela ekahle eqinisa imizimba.

Ngithanda ukunxusa omasipala ukuthi babambisane nemiNyango yesifundazwe owezokuThutha nowezeMfundo kulolu hlelo. Ngikusho loku ngoba ngiyazi ukuthi sibuye sibhekane nesimo lapho imigwaqo yomasipala yakhiwe yabhekelela kakhulu abahamba ngezimoto. Lena kuseyinselelo okusamele omasipala bayilungise uma benza izinhlelo zezithuthi zomphakathi ukuthi akube nezindlela zamabhayisekili.

Sengiya ngasemaphethelweni, siyazi ukuthi njengoba kunokhetho ngoLwesithathu sonke ebuholini bamaqembu epolitiki savumelana sazibophezela emgomweni wokuziphatha ngokhetho esithi i-Electoral Code of Conduct, ukukhuthaza ukubekezelelana kwezepolititki, ubumbano, ukuthula nenkululeko yokuzikhethela nokuzihlanganisa neqembu lepolitiki olithandayo ngesikhathi sokhetho nangemuva kwalo.

Kuyajabulisa-ke ukusho ukuthi izindawo esizihambelile njengoba besizihlonze njengezidinga ukuthi singenelele kuzona, sithole ukubambisana kuwo wonke amaqembu epolitiki. Sithanda ukuncoma kakhulu umoya wokusebenza ndawonye esiwubona uma sihlangene nabaholi ngokunjalo nezinhlaka ezahlukene.

Njengamanje sengingasho ngeqholo ukuthi wonke amaqembu epolitiki angenele ukhetho KwaZulu-Natali azibophezele ekusebenzeleni ukuthula, ukubekezelelana kwezepolitiki bese ekhuthaza ukukhankasa ngokukhululeka kulolu khetho oluzayo.

NgoMsombuluko odlule nje besinomkhuleko omkhulu laphaya eGreytown sikhuthaza kona ukuba abantu bahloniphe amalungelo abanye okuzikhethela. Size sathi abantu abeze befake yona imifaniswano yamaqembu abo ukuze babone ukuthi ayikho inkinga ngokuba sendaweni eyodwa nomuntu wenye inhlangano.

Nalaphake siyagcizelela ukuthi makangabi khona umuntu ophoqa noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho.

Mangigcine ngokuphinda nginxuse nakinina nonke lapha ukuthi nisebenzise ilungelo lenu bese nivota ngendlela eyiyo ngoLwesithathu.

Ngiyabonga